# EZAKAMUVA KWABEZINDABA NGESITELEKA SAKWASARS ESIQHUBEKAYO

**Tshwane, 27 kuNtulikazi 2022** – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lusazibophezele ekusombululeni isiteleka esiqhubekayo sezinyunyana zabasebenzi. Njengoba kushiwo ekuqaleni, uSARS awuzinqumeli wona ngesabiwomali, kodwa uthembele ezimalini ezabiwa uMgcinimafa Kazwelonke. Yilesi sizathu esenze uSARS uqale izingxoxo nasebenzisana nabo kwezabasebenzi.

Emva kokukuxoxisana nezinyunyana, uSARS wenze isiphakamiso sokuzama ukufinyelela esivumelwaneni sokugcina kulemigomo elandelayo:

i) Ukunyuswa kwemiholo kuzo zonke izisebenzi eziqashwe ngokugcwele ezingena ngaphansi kwenkethabakhulumeli ngo-1.5%, ozofakwa kusukela ku-1 April 2022.

ii) Lokhu okungenhla kunombandela othi:

a. Umangase izingxoxo zezisebenzi zikahulumeni zizonke zisonjululwa ngokunyuselwa okungaphezulu kuka-1.5%, uMgcinimafa Kazwelonke uzobe usuwenza imali ibe khona ukuze kufinyelelwe kuleso sivumelwano sokuqeda udaba;

b. USARS uzolawulwa yilokhu, bese uhlelemba ulungise lokhu okuzobe kunikwe izisebenzi kulinganiswe;

iii) Ukuzinikela ekuxoxisaneni nasekuphothuleni lokhu okulandelayo kuSARS National Bargaining Forum (NBF):

a. Imihlomulo yokugcina izisebenzi enkampanini, okuzobandakanya imali nezinto ezingeyona imali;

b. ezinye izinto izinyunyana ezizibeke etafuleni ngesikhathi sezingxoxo.

Isiphakamiso sokuhlelemba kancanyana kuzisebenzi zonke kungenzeka ngenxa yokuthi ikhona imali eyongeke ngenxa yokubambezeleka kokuqashwa njengokohlelo lasekuqaleni. Ngokomoya wokuba sobala nokuzibophezela ekusombululeni ingxabano, abaphathi bakwaSARS banqume ukwaba lemali eyongiwe ingene ekwenyusweni kwemiholo okuphakanyisiwe.

Izinhlangano zivumelene ukuthi izinyunyana zizokwenza inqubo yokufuna umyalelo kumalungu azo ngalokhu esikubeke etafuleni. I-Public Servants Association (PSA) isimisile okwesikhashana isiteleka ngalesi sikhathi kusenziwa inqubo yokufuna umyalelo kumalungu awo, kanti uNEHAWU yona ayikasitsheli izinhloso zayo siwuSARS.

USARS uqaphele ngokukhathazeka izigameko ezithile zokusabisa nezodlame okwenziwe abanye balaba abatelekayo, kanti uzothatha izinyathelo ezifanele kulabo abatelekayo abangahloniphi Indlela Yokuziphatha, kanye/noma labo abaphule umthetho.

USARS uyakuqinisekisa ukuzibophezela kwawo sokuhlonipha amalungelo ezisebenzi okuteleka. Abatelekayo bavunyelwa okuhlinzekelwa umthetho wezabasebenzi

ukwenza ilungelo labo ngokuthula, nokuhlonipha amalungelo ezisebenzi ezikhetha ukusebenza, kanjalo nabakhokhintela abafuna ukugcina izibophezelo zabo ngokomthetho.

USARS ubeke izinhlelo zezimo eziphuthumayo ukumelana nomthelela omubi ekulethweni kosizo ngendlela abakwazi ngayo. Sibonga abakhokhintela ngokubekezela kwabo kulesi sikhathi esinzima, futhi sixolisa ngokungazenzisi ngokubambezeleka kwezimpendulo ezicelweni zosizo. Sicela abakhokhintela nabahwebi ukuba bagweme ukuza emagatsheni akwaSARS, kodwa kunalokho baqhubeke nokuxhumana noSARS ngokusebenzisa imigudu yethu yedijithali yokuzisiza bona i-*self-help digital channels*. Ukuhamba kwempahla emingceleni esemigwaqeni nasolwandle kuqhubekile ngaphandle kokuphazamiseka.

USARS usalokhu uzwelana nosizi lwezakhamizi eziningi zaseNingizimu Afrika, kubandakanya izisebenzi zethu, ababhekene nobunzima bezomnotho nokunyuka kokudla nezinikamandla. Silokhu sibonge njalo kuzisebenzi zakwaSARS ezilokhu, ngaso lesi sikhathi, ziba negalelo empumelelweni yethu, kanye nokuqhubeka kwabo nokuzinikela ekuhlinzekeni usizo ekwesekeni umyalelo wethu.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za